Isifundo 8 **Ncwaba 14-20*

Ukhululekile Ukuphumula

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku: *Marko 2:1-12, 1 Amakhosi 18, 1 Amakhosi 19:1-8, Math. 5:1-3, Isaya 53:4-6, 2 Amakhosi 2:11.*

Indimana Yekhanda: "UJehova ungukukhanya kwami nensindiso yami, ngizakwesaba bani na? UJehova uyinqaba yokuphila kwami, ngizakuba novalo ngobani na?" *(iHubo 27:1)***.**

Abantu abaningi abahlangana noJesu ekusebenzeni kwaKhe lapha emhlabeni babegula, abanye base befile nokufa. Babuthelana kuJesu ukuze baphiliswe bathole nokuphumula ekuhluphekeni kwabo. Futhi babekuthola njalo-nje.

Ngesinye isikhathi wayevele akhulume izwi, aphile umuntu. Ngesinye isikhathi wayebathinta, baphiliswe ngendlela emangalisayo. Ngesinye isikhathi wayebatshela ukuthi abahambe, ukwelapheka kwenzeke besesendleleni. UJesu wayephilisa abesilisa, abesifazane, izingane, amaJuda, obangewona amaJuda, izicebi, abampofu, abantu abaqinisekile. Ababehlaselwe uchoko olubi noma ukungaboni, babethola ukuphiliswa kuYe. Imbhala, waphilisa nalabo "ababenokugula" okwedlula konke—ukufa.

Kuleliviki, sizobuka izibonelo ezimbili ezehlukene kakhulu zokuphiliswa. Kwesisodwa, ogulayo wayengakwazi nokuzizela kuJesu ngendlela ayegula ngayo. Izimpawu zokugula kwakhe zazisobala kuwo wonke umuntu. Isibonelo sesibili, kwakungekho zimpawu ezibonakalayo. Kuzo zombili, ukwelapheka kwafika ngesikhathi sikaNkulunkulu nangendlela yaKhe.

Uma sijula nesihloko sokuphumula ezinhlungwini nokuhlupheka, sizozindla futhi ngombuzo sonke kuloluhambo lobuKrestu esike saba nawo ngezikhathi ezihlukene. Kwenzekani uma imithandazo yethu yokuphiliswa ingaphendulwa?

Sikuthola kanjani ukuphumula uma kunjalo?

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNcwaba 21.*

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 60 2021/06/21 14:51

Ukuphumula Okwelaphayo

Uma sikhona isikhathi esidinga ngaso ukuphumula, kumhla sigulayo. Sidinga ukuphumula komzimba ukuze kuqine amasosha omzimba.

Kanti futhi siyakudinga ukuphumula komnqondo. Ngesinye isikhathi kusuke kungeyona into engaze ikubulale, efana nomkhuhlane noma ukuphathwa yikhanda. Siyalala embhedeni sizame ukususa izingqondo kuzo zonke izinto okufanele sizenze, kodwa kungavumi.

Ngesinye isikhathi uma kuyisifo esibulalayo, silala lapho sikhathazeke ngokuthi izophuma ithini imiphumela yokuhlolwa kwegazi. Bese siyazibuza ukuthi kungani. Ngabe indlela engalungile ebesiphila ngayo ize yasifica? Kungenzeka yini ukuthi yizidakamizwa esasizidla eminyakeni engu 20 eyedlule? Amafutha ebesiwathwele emzimbeni kuleminyaka embalwa edlule? Ngabe uNkulunkulu usijezisela lesiya sono esifihlekile esingaziwa muntu ngaphandle kwakho?

Funda: uMarko 2:1-4. Kwakwenzekani lapha?

_____

_____

Kulomuntu ofe uhlangothi kulendaba, konke kwakusobala. Kwi-*Desire of Ages* (amakhasi 267-171), sithola umlando. Lomuntu wayeke wenza izinto asenamahloni ngazo. Impilo yakhe yesono yabangela ukugula kwakhe, kanti abaholi kwezenkolo bavele bamtshela ngokusobala ukuthi kubangelwe yini ukugula kwakhe. Ngendlela yakhe yokuphila esonweni, wazibizela ukugula, kanti alikho nekhambi lakho.

Umqondo onjalo uvamile. Sivame ukugxila ekuthini *ubani owenze lokhu.* Uma kwenziwe ubugebengu obuthile, kukhona okufuneka ekhokhile. Uma kunengozi, kukhona okufuneka ehlawulile. Kodwa ukukhombana ngeminwe akulethi ukwelapheka kulowo ogulayo.

Icebo likaNkulunkulu lasekuqaleni lalingahlanganisi ubuhlungu, izifo, nokuhlupheka. Ukugula kweza kulomhlaba ngokungena kwesono. Kungakhonje uNkulunkulu esinika iziyalo ngezempilo ukuze sithokozele impilo engcono manje. Kodwa uma-nje sisekulomhlaba wesono, asikho isiqiniseko sempilo, noma siyilandela kanjani imithetho yempilo.

Izindaba ezimnandi ukuthi uNkulunkulu angasinika ukuphumula noma siyagula noma siphilile; noma sizibangele thina ukugula, noma ubudedengu bomunye umuntu, ufuzo, noma umphumela wokuphila kolomhlaba wesono. UNkulunkulu uyakwazi ukusinika ukuphumula.

Uma umuntu ehlaselwa ukugula, akukuhle ukufuna ukubeka izinsolo. Kusenjalo, kungani ukuthola imbangela yokugula ngesinye isikhathi kuyisinyethelo esibalulekile esiya ekwelaphekeni?

_____

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 61 2021/06/21 14:51

Ukwelashwa Kwasezimpandeni

Lomuntu ofe uhlangothi wehliselwa kuJesu ngesikhathi onke amehlo ekuJesu. Wayezokhetha yini ukuphilisa isoni esaziwayo? Wayezliokhuluma izwi lokukhuza ukugula?

Wenzani uJesu uma eqala ukuphilisa lomuntu? Yini into yokuqala uJesu amenzela yona? Funda uMarko 2:5-12.

_____

_____

Ngenxa yokuthi asivamile ukwazi ngesifo kuze kuvele izimpawu zaso, siye sicabange ukuthi isifo yizona zimpawu. Sicabanga ukuthi ukususa izimpawu kusho ukwelapheka. UJesu ubuka izifo ngendlela eyehlukile. Uyayazi impande yakho konke ukuhlupheka nezifo, futhi ufuna ukwelapho yona kuqala.

Kuloludaba lwalomuntu, esikhundleni sokuthi aqale ngokwelapha okusobala, uJesu uqonda ngqo empandeni yalokho okuhlupha lendoda kakhulu. Lomuntu uzwa kakhulu ukusinda komthwalo wecala lakhe kanye nokwehlukana noNkulunkulu ngaphezu kwesifo sakhe. Umuntu ophumule kuNkulunkulu uyakwazi ukubekezelela noma yikuphi ukuhlukumezeka komzimba okumfikelayo kulomhlaba oguliswa yisono. Ngakho-ke, uJesu uqonda ngqo empandeni, anikeze ukuxolelwa kuqala.

Abaholi bezenkolo bashaqeka uma bezwa uJesu ememezela ukuxolelwa izono. Ephendula ukukhononda kwabo abangakuphimiselanga, uJesu ubuza umbuzo.

Funda: uMarko 2:8, 9. Iyiphi inselele uJesu ayiphonsela ababhali lapho? Empeleni yiluphi udaba akhuluma ngalo?

_____

_____

Ukukhuluma kulula, kodwa hhayi uma kukhuluma uNkulunkulu. Ngezwi likaNkulunkulu elinamandla, kwadalwa zonke izinto *(Genesise 1)*. Nakuba intethelelo kuyinto esingayiboni ngamehlo, iyabiza. Intethelelo yabiza ukuphila kweNdodana kaNkulunkulu esiphambanweni. Konke okunye kuyalandela. Ukutshengisa amandla nobuqiniso bentethelelo, uJesu wakhetha ukuphilisa lomuntu ofe uhlangothi.

UNkulunkulu ufuna ukuselapha ngaphakathi kuqala. Bese kuthi-ke ngezinye izikhathi, akhethe nokuselapha emzimbeni, njengoba kwenzeka kulendoda esifunda ngayo, noma ngezinye izikhathi kuzodinga silindele uvuko ukuze sithole ukwelapheka emzimbeni. Noma yikuphi, uMsindisi wethu ufuna ukuthi sithole ukuphumula phezu kwesiqiniseko sothando lwaKhe nomusa waKhe kanye nentethelelo khona manje phakathi kokuhlupheka.

Singakuthola kanjani ukuphumula nokuthula, ngisho noma imithandazo yethu yokuphiliswa ingaphendulwanga manje?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 62 2021/06/21 14:51

Ukubaleka

Ngokuya kolwazi olukhishwe yi World Health Organization (WHO), okuyikona kugula okuvamile emhlabeni wonke, okuchapazela izigidi ezingamakhulu amathathu zabantu minyaka yonke, akunazo izimpawu ezibonakalayo sonke isikhathi. Ukudangala (*Depression*) yimbangela ehamba phambili yokukhubazeka emhlabeni wonke, futhi kunegalelo elikhulu ekuguleni emhlabeni jikelele.

Ngeshwa, ukudangala akuvamile ukukhulunywa ngakho ebuKrestwini ngoba kungabonwa njengophawu lokweswela ukukholwa. Angithi phela amaKrestu kulindeleke ukuthi ahlale ejabule, ethokoza? Akulona yini iqiniso ukuthi ukudangala uphawu lokuthi kukhona okungahambi kahle ebudlelwaneni bami noNkulunkulu?

Abantu abaningi bayazi ukuthi akulona iqiniso lokhu. Ngisho namaKrestu imbhala, amaKrestu athembekile, ngezinye izikhathi angaba nakho ukudangala, kakhulukazi ngemuva kwesehlakalo esihlukumezayo, futhi akulona uphawu lokweswela ukukholwa noma ukwethemba uNkulunkulu. Futhi singafunda amaHubo, sibone ubuhlungu, ukuhlupheka, nosizi abantwana bakaNkulunkulu abadlula kukho.

Ngesinye isikhathi ukudangala kunyonyoba kancane, ngokuthula, kusibambe, size sikubone uma sekuze kwaqinisa isandla. Ngesinye isikhathi kugadla ngokushesha, ngemuva kwesigameko esithena amandla engqondo noma omzimba. Isibonelo: Umprofethi othembekile kaNkulunkulu, uEliya, wayephele amandla ngokomoya nangomzimba, ngemuva kokwenzeka entabeni iKarmeli.

Ku 1 Amakhosi 18, uEliya wayesanda kubona isimangaliso sikaNkulunkulu somlilo wehla ezulwini. Njengempendulo yomthandazo wakhe, wabona imvula yehla, iphelisa isomiso seminyaka emithathu. Kungani uEliya ephendula izesabiso zikaJezebeli ngokubaleka? Funda Amakhosi 19:1-5.

_____

_____

UEliya wabanamahora angu 24 a kakhulu. Lesehlakalo, sihlangene nokwethuka nokusatshiswa ngokufa, sabanga ukudangala kuEliya. Futhi, uEliya wayekhona ngesikhathi abaprofethi bakaBali, abalinganiselwa ku 850, bebulawa, Mhlawumbe abanye babe bebulawa nguye uqobo *(1 Amakhosi 18:40)*. Isigameko esinje, noma ngabe kwenzelwa umsebenzi olungile, singabanga ingcindezi yomphefumulo kulabo ababukelayo, noma kwabanesabelo kulokho, okuyikona okubi kakhulu-ke.

Kanjalo-ke, uEliya uyaqala uyabaleka, ezama ukuziphephisa. Ngesinye isikhathi sibalekela efrijini, sizame ukuzitika ngokudla ukuze sijabule futhi. Ngesinye isikhathi sizama ukulala ukuze kusuke ukukhathala komphefumulo. Ngesinye isikhathi sifuna ubudlelwane obusha, umsebenzi, noma ikhaya elisha, sizama ukubaleka. Kanti ngesinye isikhathi sizibulala ngomsebenzi, iminqamlajuqu (*deadlines*), nezibekiso zokubonana nabanye abantu, ekuzameni kwethu ukubalekela into engenagama, emunca intokozo yethu nokuphumula kwethu. Kanti-ke, abantu abaningi basebenzisa "imithi" enhlobonhlobo, kuzanywa belu ukunciphisa ubuhlungu. Ekugcineni, kodwa, lezinto zemboza izimpawu-nje; aziyisombululi inkinga, kanti zingase ziyenze ibe yimbi kakhulu kunakuqala.

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 63 2021/06/21 14:51

Ukhathele Kakhulu Ukuthi Angagijima

UEliya wayesekhathele kakhulu ukuthi angagijima. Ngakhoke, wathandaza futhi. Lomthandazo wehluke kakhulu kunomthandazo wakhe wokukholwa owaphendulwa nguNkulunkulu eKarmeli *(1 Amakhosi 18:36, 37)* phambi kwabapristi nabaprofethi bakaBali, amalunga omkhandlu, nabantukazana. Lo, umthandazo olulana, omfishane, wokukhathazeka.

Ku 1 Amakhosi 19:4, uEliya uthi akangcono kunawoyise. Wayekhuluma ngani?

_____

_____

Uma uEliya esethule, wahlushwa unembeza. Uyabona ukuthi ukuhamba kwakhe isigubhukane kulimaze ithuba elihle lokuvuselela uIsrayeli. Uyabona ukuthi ubajabhisile labo abebemdinga. Futhi ayikho into angayenza ngalokho. Ngakhoke, ngokuzihlola okubuhlungu, ewazi kahle umlando wesizwe sakubo, uzibona njengoba enjalo.

Ukwembuleka okubuhlungu lokhu kithina sonke—ukuzibona njengoba sinjalo, angithi? Kufanele sibonge isithembiso sokuthi noma impilo yethu igcwele isono kanje, kuKrestu uNkulunkulu usibona njengoba ebona uJesu. Yiliphi elinye ithemba esingalifuna ngaphandle kokuthi, ngokukholwa, singazithathela ukulunga kukaKrestu? *(Bekha uFilipi 3:9)*.

Noma kunjalo, ukudangala kuyakwazi ukusidonsela emgodini omnyama wokuzicasukela. Kanti ngesinye isikhathi size sicabange ukuthi ukufa iyona kuphela indlela yokuphunyuka.

Sengathi uEliya wayesefike lapho. Kwase kwanele. Uthi: "Sekwanele; manje, Jehova, sale usuthatha umphefumulo wami, ngokuba angilungile kunawobaba" *(1 Amakhosi 19:4)*.

Izindaba ezimnandi ukuthi iNyanga eNkulu ayimlahli ngecala uEliya. UNkulunkulu wazi kangcono kunathi ukuthi sibhekene nani uma silwa nokudangala.

"Kungenzeka singaboni lutho olubabazekayo ngesikhathi lapho uMsindisi wethu egobile ngothando nesihe, kodwa isandla saKhe siphezu kwethu ngothando nobumnene."—Ellen G. White, *Steps to Christ*, p. 97.

UNkulunkulu uyazi ukuthi "indlela inde" (*1 Amakhosi 19:7)* kithina, kodwa ngesinye isikhathi kuye kufuneke alinde size siyeke ukubaleka. Kulapho-ke ezongenelela.

Ngesinye isikhathi umuntu ogwilizayo udideka ngendlela yokuthi ulwa nalowo ozama ukumsindisa. Ngaleso sikhathi osizayo udinga ukuhlehla, alinde aze aquleke ogwilizayo, bese uyangenelela osizayo.

Ungathola liphi ithemba nokududuzeka kulezindimana ezilandelayo: iHubo 34:18, Math. 5:1-3, iHubo 73:26, Isaya 53:4-6?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 64 2021/06/21 14:51

Ukuphumula, Nokungaphezulu

UNkulunkulu uyazi ukuthi konke lokho kubaleka kumkhathazile uEliya. UNkulunkulu uyazi ukuthi ngaphezu kokukhathala emzimbeni, uEliya ukhathele emphefumulweni nokuthwala umthwalo osindayo kunembeza. Njengoba uJesu wenza kulendoda efe uhlangothi eminyakeni eminingi ngemuva kwalokhu, uNkulunkulu ucisha bonke ububi obubhaliwe, anike uEliya ukuphumula. Ekugcineni, usengathola ubuthongo bangempela, aqabuleke.

Singalindela ukuthi ukuphela kwendaba lokhu, kodwa cha, akunjalo. Ukuphumula kukaNkulunkulu akusona isehlakalo esenzeka kanye kuphela. Ukungena ekuphumuleni kukaNkulunkulu kuphathelene nokwelapheka—kancane, kancane, wehlukane nemicabango emibi nemikhuba elimazayo. UNkulunkulu akaxhamazeli ngokwelapha.

Funda: u 1 Amakhosi 19:5-8. Uyaphi manje uEliya, ngasizathu sini?

_____

_____

Ngemuva kokuphumula, uEliya uyagijima futhi. Kodwa manje uNkulunkulu uyakulungisa ukugijima kwakhe. UNkulunkulu uyazi ukuthi impilo lapha emhlabeni izoletha ukudangala. Uyazi ukuthi sifuna ukugijima, kodwa ufuna ukukuqondisa kwenye indawo ukugijima kwethu. Esikhundleni sawo wonke lamabhaxa alimazayo esiwazamayo, ufuna ukusifundisa ukulalela izwi " elincane, elihashazayo" *(1 Amakhosi 19:12)* elizosinika ukuphumula.

UEliya wayengenamandla okuziphakamisa athathe uhambo lokuyohlangana noNkulunkulu. UNkulunkulu umnika amandla alowo mhlangano, athembise ngekusasa elingcono.

Njengoba uEliya ecambalele ngaphansi kwaleso sihlahla sonwele efisa ukufa, wakholwa ukuthi sekuphelile konke okungcono empilweni yakhe.

Funda: 1 Amakhosi 19:15, 16 no 2 Amakhosi 2:11. Yini eyayisahlalele uEliya?

_____

_____

UNkulunkulu wayazi ukuthi kuseza izinsuku ezingcono kuEliya. Kwafika ukwelapheka kumprofethi njengoba wafunda ukulawula impilo yakhe ngokomgqigqo kaNkulunkulu, amukele ukuphumula kukaNkulunkulu. Kwakusekhona amakhosi adinga ukugcotshwa, kukhethwe nozolandela uEliya. UNkulunkulu wayesazi ngoElisha, owayefana nendodana kuEliya. UNkulunkulu wayazi ukuthi ngokukholwa, uEliya uyophinda enze umlilo wehle ezulwini *(2 Amakhosi 1:10)*. UEliya wayengeke afe ekhathazekile, elele ngaphansi kwesihlahla sonwele, kodwa inqola yomlilo yayizomyisa ekuphumuleni kwasezulwini.

Singafundani endabeni kaEliya, ukuthi kungani, noma ngabe sizizwa kabi kanjani, ngamandla kaNkulunkulu sisadinga ukungalahli ithemba?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 65 2021/06/21 14:51

Ukujula Nomcabango: "Ngokuguquguquka kwezimo okwenzeka njalo, kuba khona ushintsho empilweni yethu; lolushintsho lungasijabulisa noma lusidangalise. Kodwa ukuguquka kwesimo akunamandla okuguqula ubudlelwane bukaNkulunkulu nathi. Nguye izolo, namhlanje, naphakade; kanti ufuna sethembe uthando lwaKhe singamngabazi."—Ellen G. White, *In Heavenly Places*, p. 120.

"Hlala ubheke kuJesu, wenze imithandazo yokuthula ngokukholwa, ubambelele emandleni aKhe, noma ngabe imizwa yakho ithini. Iya phambili sengathi wonke umthandazo owenziwayo, wenziwa esihlalweni sikaNkulunkulu, awuphendule Lowo onezithembiso ezingaphuthi. Qhubeka, uculele uNkulunkulu enhliziyweni yakho, noma uzizwa udangaliswe umthwalo nosizi. Ngikutshela ngoba ngiyazi, kuzofika ukukhanya, uzoyithola injabulo, inkungu namafu kuzogoqwa. Kanjalo siyadlula emandleni acindezelayo amathunzi nobumnyama, siye ekukhanyeni kwelanga lobukhona baKhe."—Ellen G. White, *Selected Messages*, book 2, pp. 242, 243.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ Kuvame ukuba lukhuni ukusiza umuntu ohlushwa ukungalungi komqondo noma ukudangala. Kungaba yiliphi isu elihle ibandla lenu elingafunda ngalo ukusebenza kangcono nalabo abachaphazelwa ukudangala?

❷ Sivame ukukuthola kulukhuni ukuvuleleka nokuba neqiniso phambi kukaNkulunkulu. Ake uthi halamuzi amanye amaHubo, ubone ukuthi babevuleleke kangakanani futhi beneqiniso elingakanani ababhali beBhayibheli phambi kukaNkulunkulu. Singawukhuthaza kanjani umoya wokuvuleleka neqiniso ebandleni lethu?

❸ Ukuthandaza kuvame ukuba lukhuni uma sihlaselwe ukudangala. Xoxani ngamandla okuthandazelana kulabo abangakwazi ukuzithandazela.

❹ Kubaluleke ngani ukuba sikhumbule ukuthi ukukholwa akusiwo umuzwa? Ukuthi sidangele, siphelelwe yithemba noma sinovalo, noma sikhathazekile, akusho ukuthi siswele ukukholwa noma ukwethemba uNkulunkulu. Kusho ukuthi, okwesikhashana, sidangele, siphelelwe yithemba, sinovalo, sikhathazekile, njengoba kwenzeka kithina sonke izikhathi ngezikhathi. Singafunda kanjani ukuthi, ngezikhathi ezinje, kubalulekile ukuzelulela phambili ngokukholwa, noma kungaba lukhuni kanjani?

❺ Yiliphi ithemba elikhulu ongazithathela lona endabeni yowayefe uhlangothi, kakhulukazi uma impilo yesono ikulethele ukugula?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 66 2021/06/21 14:51